St Alphonse Parish Newsletter

Volume 4 Issue 8 www.stalphonse.org.za June 2011

Donation : R2.00

UFr E Tenza uqeda iminyaka engu 25 enguMpriste

AMakholwa ase Saint Alphonse azobe ehlangene namakholwa amaningi eziMishini ezahlukene ukuzohalalisela u Fr Elphas Tenza ngokuqeda kwakhe iminyaka engamashumi amabili nanhlanu enguMpriste. Okubaluleke kakhulu ukuthi uFr Tenza wagcotshelwa kuyona lemishini yase St Alphonse mhla zingu 21 enyangeni kaZibandlela (December) ngonyaka ka 1985 njengoba esegubha iSilver Jubilee kuyona lemishini agcotshelwa kuyona . Umkhosi uyoba mhla zingu 3 July 2011

OKUNGAPHAKATHI

1. Izifundo zangenyanga ka June 2011 .....page 2
2. Umzindlo wenyanga …..…….page 2
3. Ukuhushulwa kwezisu – lithini iBandla .....page 3

June : Inyanga yokudumisa iNhliziyo eyiNgcwele kakhulu kaJesu

Thulani Jili



Inyanga kaJune iyinyanga ekhethelwe ukudumisa iNhliziyo eviNgcwele kakhulu NgokweMibhalo, igama elithi, “Nhliziyo eyiNgcwele kaJesu” noma “Sacred Heart of Jesus” lichaza imfihlakalo yonke ngoKristo; ubuyena bonke obuphelele kanye nobuntu bakhe othandweni olubalulekile – njengeNdodana kaNkulunkulu nobumnene obungenamkhawulo kanjalo njengenhloko yokusindiswa kwesintu. I “Nhliziyo eyiNgcwele” ingu Kristo, iZwi elaba yinyama, uMsindisi.

(IQHUBEKA EKHASINI LESI-3)

19 JUNE 2011 (ELOBUTHATHU OBUCCWEBILEYO)

Isifundo sokuqala : Eksodusi 34:4b – 6, 8 - 9

Ingqikithi: *"Inkosi uSomandla inguNkulunkulu onesihawu nobubele."*

Isihlabelelo : "*Ngolwakho, Simakade, udumo nobukhosi."*

Isifundo sesibili : 2 Khor. 13 :11 - 13

Ingqikithi: *"Umusa kaJesu Kristo, nothando lukaYise, nobuzalwane ngoMoya Ocwebileyo."*

IVANGELI : Jn. 3 : 16 - 18

Ingqikithi: *"Unkulunkulu wathumela iNdodana yakhe ukuba umhlaba usindiswe nyiyo.."*

---

26 JUNE 2011 (UMKHOSI WESAKRAMENTE laseLATHINI)

Isifundo sokuqala: Duterenomi 8:2-4,14b-16a

Ingqikithi: *"Unkulunkulu waninika ukudla nina noyihlo enaningakwazi."*

Isihlabelelo : "*Jerusalem, yidumise iNkosi."*

Isifundo sesibili : 1 Khor. 10 : 15 - 16

Ingqikithi: *"Thina esibaningi sisinkwa sinye, simzimba munye."*

IVANGELI : Jn. 6 : 51 - 58

Ingqikithi: *"Inyama yami ingukudla okuyikho, negazi lami yisiphuzo esiyiso."*

---

03 JULY 2011 (ISONTO LESI – 14 LENKATHI YONYAKA)

Isifundo sokuqala : Zakaria 9 : 9 - 10

Ingqikithi: *"Bheka, iNkosi yakho iza kuwe ngokuzithoba okukhulu."*

Isihlabelelo : "*Ngokutusa uNkulunkulu wami, Nkosi, ngilibabaze igama lakho njalo-njalo."*

Isifundo sesibili : Rom. 8 : 9, 11 - 13

Ingqikithi: *"Uma nibulala izenzo zenyama ngoMoya, nophila."*

IVANGELI : Mt. 11 : 25 - 30

Ingqikithi: *"Ngimnene nginenhliziyo ethobileyo."*

---

10 JULY 2011 (ISONTO LESI -15 LONYAKA)

Isifundo sokuqala : Isaya 55 : 10 - 11

Ingqikithi: *"Umhlabathi uthela izithelo ngemvula"*

Isihlabelelo : "*Imbewu ewela enmhlabathini omuhle ithela ukudla okuningi."*

Isifundo sesibili : Rom. 8 : 18 - 22

Ingqikithi: *"Ukuthemba kwezinto ezidaliweyo kubheke ukwambulwa kwabantwana bakaNkulunkulu."*

IVANGELI : Mt. 13 : 1 – 23 noma nje 1 - 9

Ingqikithi: *"Kwasuka umhlwanyeli, waya kuhlwanyela."*

---

17 JULY 2011 (Isonto lesi – 16 lenkathi yonyaka)

Isifundo sokuqala : Hlak. 12 : 13, 16 - 19

Ingqikithi: *"Kukhona ithuba lokuphenduka."*

Isihlabelelo : "*O Nkosi, unomusa nobunene."*

Isifundo sesibili : Rom. 8 : 26 - 27

Ingqikithi: *"Umoya usinxusela ngokukhala okungakhulumekiyo"*

IVANGELI : Mt. 13 : 24 – 43 noma nje 24 - 30

Ingqikithi: *"Kuyekeni, kukhule kokubili kuze kuvunwe."*

Umzindlo wenyanga (Thembeka ekulindeni)

Ngqondo Zulu

Enkolweni nasemfundisweni ngobuKrestu, kuyaziwa kanti futhi kuyagqugquzelwa ukukhuleka bese ulinda. Indaba emakholweni amaningi iqala lapho, enkonzweni yokulinda. Thina bantu benkosi siyaye sithi lapho sisalindile lokhu esikucelile kuNkulunkulu usibone sesiphambanisa izinyawo sesiya koMam' noma oBab' umthandazi, sesikhohlwa imfundiso yokholo lwethu oluKhatholika. Abanye ubezwe sebecasha ngezithupha bekhuluma indaba yokuthi uNkulunkulu usiza ozisizayo. Ngivumele namhlanje ngikubonise, mntwana wenkosi, ngelinye ilanga yadabuka kabili indwangu eyayiphambi kweThempela, ngale kwayo okwakungena abaPhriste abakhulu kuphela bezothandazela abantu kuNkulunkulu, ngokufa kweNkosi uJesu kwavuleka ithuba lokuthi nawe muntu kaNkulunkulu ukwazi ukuzikhulekela.

(Iqhubeka ekhasini lesi-3)

Inyanga yokudumisa iNhliziyo eyiNgcwele kakhulu kaJesu (isuka ekhasini lokuqala)

Ngonyaka ka 1765 umkhosi weNhliziyo eyiNgcwele kakhulu kaJesu wavunyelwa kwiziFundabhishobhi ezithile nguPhapha uClement XIII kwase kuthi ngonyaka ka 1856 wabe sewugujwa kulolonke iBandla ngemvume kaPhapha uPius IX.

Ukudumisa iNhliziyo eyiNgcwele kwakuyingxenye ebalulekile kakhulu kaPhapha John Paul II (osengoBusisiweyo) ngethemba lokushumayela kabusha. UPhapha uJohn Paul II wathi, "INhliziyo eyiNgcwele kakhulu kaJesu kufanele ithathwe njengenhliziyo yeBandla. Uyena osibizela ukuphenduka nokuzisondeza kuNkulunkulu. Uyena ohola ubumhlophe bezinhliziyo kanye nalabo

abalambela ubulungiswa endleleni yokucweba. Uyena othola ukufudumalo kokuhlangana kwamalunga omzimba owodwa. Uyena owenza ukuba sithole izindaba ezithokozisayo nokwamukela ithemba lokuphila kwaphakade." – kubhala uPhapha uJohn Paul II

UJesu osebunyeni noYise (John 10,30) umema abalandeli bakhe ekuphileni ebunyeni kanye naye, ukuphila izimpilo zabo ngokubonela kuye kanjalo nasezimfundisweni zakhe.

Mayelana nenxeba uJesu avulwa lona ohlangothini langakwesokunxele, u Augustine ubhala uthi, "Ukungena kulo kuyenzeka . UKristo ungumnyango. Lavulelwa wena ngomkhonto. Khumbula ukuthi kwaphumani ohlangothini; ngakho-ke zikhethele ukuthi ungena kuphi kuKristo. Ohlangothini lukaKristo kwaphuma igazi namanzi. Ukuhlanjululwa kwakho kukulawo manzi, ukusindiswa kwakho kukulelogazi."

Umzindlo wenyanga (isuka ekhasini lesi-2)

Omunye uzobuza athi "ngabe pho silindeleke ukuthi silinde kanjani? Lapho usuqale khona wacela kuNkulunkulu awube usuhlala, uyaqhubeka nokuthembeka kuNkulunkulu, ubonge ngaloko osenako njenge mpilo, ubale izibusiso zakho kanti futhi usebenze kakhulu kunakuqala loku ukwenza nje awuphezi ukulokhu uyozicelela kuyena njalo. Nansi makholwa indlela yokulinda. Bantu benkosi umusa kaNkulunkulu akaze washoda wanele wonke umuntu. UNkulunkulu futhi akaze wajikijela nje noma ikuphi ngezibusiso zakhe kodwa uyayilungisa indawo yokubeka isibusiso sakhe wena akubeke esimweni sokulinda. Ngaleyo nkathi ulungisa okucelile abheke nokunye okudingayo bese ebuyela nakho konke endaweni lapho abekushiye kuyo. Mntwana wenkosi makakufice endaweni yakho yokulinda ukhuleka. Khumbula isicelo seNkosi uSolomon esaphindwa kaningi isona esiwubufakazi.

Ngizokukhumbuza namhlanje muntu wenkosi ukuthi akukona ngoba uNkulunkulu engakuzwa noma ephuza ukuphendula, lapho siside isikhathi osihlala ekulindeni nokuza kuwe akuzoba kuncinyane inqola yakho yezibusiso iyeza. Thembeka ekulindeni, khuleka ungaphezi, hlala endaweni yakho yokulinda. Khumbula indlebe yakhe ayivaliwe ukuba ingezwa nesandla sakhe asifinyeziwe ukuba singasindisa.

NGABE UKUHUSHULA ISISU KUVUMELEKILE YINI EKHOLWENI?

MC Maphalala

Imfundiso yebandla ithi ukuhushula isisu, kungukuphula umthetho wesihlanu othi 'ungabulali.' UYAHWE (NKULUNKULU) ngumsunguli wempilo. Akekho onamandla okuyiqeda ngaphandle kwakhe. Kufanele sihloniphe impilo isasesiswini sikamame. Genesise 30:22 uNkulunkulu ovula inzalo. Jeremiya 1:4 "ngingakakubumbi esiswini ngakwazi."

(Iqhubeka ekhasini lesi – 4)

Ukuhushula isisu (isuka ekhasini lesi – 3)
Amahubo 127: 3 “Bheka abantwana bayifa elivela kuJehova.”
Amahubo 139:13”Ngokuba wena uzenzile izinso zami, wangaluka esiswini sikamame.”
Amahubo 39:16 “Amehlo akho angibona ngisayihlule.”
Luka 1:43 uElizabeth ubiza ihlule esiswini sikaMaria ngokuthi “iNkosi yami.”

Eningizimu Africa owesifazane unelungelo eliphelele lomzimba wakhe. Uma ekhipha isisu kuthiwa wenza akuthandayo (pro-choice) ngomzimba wakhe, kadingi mvume.ngisho nonkosikazi oshadile kadingi mvume yomnyeni. Kanjalo nengane kayidingi imvume yomzali, kodwa uDokotela kavunyelwe ukukhipha ingane izinyo ngaphande kwemvume yomzali, kungani I’pro-choice isebenze kuphela uma kukhulunywa ngokuhushulwa kwezisu? Abanye abahambisana nepro-chouce bathi ingane ingakhishwa uma ingakabi nawo amasonto awu-12 ngoba isuke ingakabi nawo amabrain waves. I anencephalic (ingane ezelwe ingenabo ubuchopho) izalwa ngemva kwezinyanga ezingu-9 ishone esikhathini esithi masibe iHora izelwe. Ngakube akusiye umuntu lona? Ososayensi bathi ingane esiswini ine DNA yayo, ine blood circulation yayo kumama idinga ukudla kuphela. Kuyenzeka ashone umama yona isale iphila. Kukhona abathi amabandla makangafunzi abangesiwo amakholwa ngemfundiso yobuKristo. Uma amabandla efunza wonke umuntu ngomthetho wesikhombisa othi ‘ungebi’ kakushiwo ukuthi lomthetho owamakholwa kuphela.

Kuqala onke amabandla aye I artificial birth control nokukhipha isisu izono. Lokhu ekususela ku Genesise 38:9-10, (onanism ngesilungu) ngo 1930 kwabakhona iLambert Conference lapho amasheshi amemezela khona ukuthi I artificial birth control akasayithathi njengesono. uPhapha ephawula ngalesisinqumo wathi singumhlahlandlela ochaba indlela eya ekukhishweni kwezisu ngokusemthethweni ngempela kwaba njalo. Wonke amabandla asilandela lesisinqumo ngaphandle kwamakhatholika.

AmaKhatholika njengamaSulumane athi umthetho kaNkulunkulu kawujiki ngoba naye uNkulunkulu uthi kaguquki (Malaki 3:6) okuyisono namuhla nakusasa kuyobe kuyisono. Amanye amabandla ayazikhethela ukuthi ini eyisono nokuthi yini engesiso isono.ngenxa yokufundiswa nolwa lwesayenzi amakholwa aphicaphica anconzule imithetho kaNkulunkulu bafune ihambisane nesikhathi. Kube ngamakholwa anqumayo ukuthi yini elungile nokuthi ini engalungile. Izwi likamdali kuthiwe isidala liphelelwe isikhathi. Umculi nembongi uMzwakhe Mbuli kwenye yezingoma zakhe uthi : “ Why condemn child abuse yet legalize abortion.”

AKUBE UDUMO NENKAZIMULO KUYISE NENDODANA NAKU MOYA OCWEBILEYO. AMEN.

NEED A PSYCHOLOGIST TO ASSIST YOU ON THE FOLLOWING MATTERS

CHILDREN/ADOLESCENTS : Poor Performance at School, ADHD (Poor concentration & hyperactivity), Learning problems, mental retardation, career assessments, Childhood Depression, Suicide Ideation, Behavioral Problems, Drugs/ Substance Abuse
ADULTS: Depression, Marital Problems, HIV/AIDS therapy, Trauma Related Issues, Working Problems.

CONTACT : MRS JABU NDLOVU – (CELL) 072 8139132 OR (OFFICE) 031 811 7631
MAXWELL CENTRE, 11TH FLOOR 1101 LORNE STREET (NEXT TO CITY HOSPITAL)

MZWAMANDLA
EVENTS MANAGEMENT

Events Security :

Specializing in events,
Sporting, Concerts,
Product launching Conferencing.
Exhibitions and Conventions

Nhlanhla Ncube 072 017 4622
Email : info@mzwamandla-events.co.za